ISOLEZWE NGESONTO (Gauteng)
24 Aug 2014, p.18




**ELINYE lamaqhawe omzabalazo uFrene Ginwala osevela kwi-*21 Icons***

**Isithombe: ADRIAN STEIRN**

# Kuhlonishwa amagalelo kaGinwala

**21 Icons South Africa**
**SABC3**
**Ngesonto**
**8.27**

KUYINYANGA yabesifazane isiqephu sakamuva sizohlonipha elinye lamaqhawe avelele omzabalazo akuleli, uFrene Ginwala.

Ube ngusomlomo wokuqala wesifazane iNingizimu Afrika iqala ibuswa nguhulumeni wentando yabantu.

Ungomunye wabantu abaguqule impilo yabaningi bashintsha nendlela leli zwe elibukwa ngayo ngenxa yokuba nentshisekelo yokubumba isizwe.

UFrene owayeyilungu le-Indian Congress ufundele ubumeli phesheya. Ngokuhamba kwesikhathi ujoyine i-ANC.

Usebenze kakhulu namaqhawe afana noWalter Sisulu nabanye.

Nakuba ayefisa ukukuphikisa ukuqokwa kwakhe nguMengameli Nelson Mandela kwesokuba ngusomlomo, wasale esevumela phezulu uma ebona ukuthi uKhongolose wonke wawumbizele kusona.

*This material has been copied u a DALRO licence and is not for resale or retransmission.*